# ZULU

## STORY 1

### Ngangiboshwe Amaphoyisa obandlululo,

**(ibhalwe ngu Gladys Mkhobo)**

Ngikhumbula ngo - 1982 lapho ngiboshwa futhi ngithunyelwa esitolo sabamhlophe.

Ngezwa izandla zingibamba futhi zingiphonsa phezulu. Ngangishaqekile nje, futhi ngakhala kakhulu.

Kodwa-ke ngazizwa ngiwela phezu kwabantu abasegumbini eligcwele abesilisa nabesifazane. Ngacindezelwa esitokisini futhi ngavalelwa esiteshini samaphoyisa. KwakungoLwesihlanu futhi abamhlophe engangisebenzela, beza ukuzongikhipha kodwa iziphathimandla zenqaba.

Kwadingeka ngihlangane nejaji ngoMsombuluko. Abaningi bethu babelele phansi. Zazingekho izingubo zokulala. Indlu yangasese yayiphambi kwethu. Ukudla kwakulethwa ethayeleni lensimbi, kushayelwa kithi nge-pap, namanzi kuphela. Asidlanga kwaze kwaba ngoMsombuluko. Ngaleso sikhathi sasingcolile kakhulu. Futhi sahanjiswa kwelinye igumbi lapho amaphoyisa ayephethe khona izibhamu.

Uma sasingaba nesibindi sokuzibuka, iziboshwa zazimemeza, zibuze ukuthi kungani sizibuka futhi zisiqalekise. Igama lami labizwa, futhi ngatshelwa ukuba

ngingene ebhokisini bese ngiphakamisa isandla sami ngenxa yokufunga ngokuthi "Nkulunkulu, ngisize".

Bangitshela ukuthi imvume yami ayilungile. Ngaphendula bathi "Thula! Manje uzogwetshwa iminyaka emihlanu noma ushiye iJoburg ngokuphelele futhi ungalali lapha nhlobo Noma ukhokhe ama-pound angamakhulu amahlanu. Abantu abamhlophe engangibasebenzela, bakhokha leyo mali futhi yileyo ndlela engaphunyuka ngayo ekuboshweni eBedfordview. Ngemva kwaleso senzakalo, ngesaba ukuba seGoli, ngahlala endlini futhi angizange ngiphume endlini. Kodwa kwakukuhle lapho uTata Mandela ekhululwa ejele, futhi wathi umthetho we- "dompass" kumele uphele futhi wonke umuntu kumele abe nedokhumende lobunikazi. Izinto zaqala ukushintsha zaba ngcono futhi saya lapho sasifuna ukuya khona. KwakuyiJohannesburg yenkululeko.

Kulezi zinsuku, kuyajabulisa ngoba saze sathenga nendlu, futhi manje sengiyisakhamuzi saseGoli. Nginezindlu futhi ngibonga uNkulunkulu ngomusa wakhe. Akekho onjengaye. Ngithembele kuYe. Inhliziyo yami igcwele injabulo enkulu. UJesu uyakhanya kimi. Uyangithatha angibeke ezandleni zakhe. Ngiyajabula.

Ngangingazi ukuthi ngiyoke ngiyithinte ikhompyutha kodwa manje sengiyabhala ngayo.

Ngiyabonga, inhliziyo yami ishaya ngamandla. Ngiyakuthanda; ugcwele uthando. Uthisha uJeffrey noNksz Edith Khuzwayo bobabili banothando olukhulu.

## STORY 2

## INDABA YAMI IMAYELANA: NOKUKHULA KWAMI E-EC

### Ibhalwe ngu Zadidi Augusta Mbangeni

Sanibonani nonke zihlobo. Igama lami ngingu Zadidi,ngizalelwe e Eastern Cape

Ngithanda ukunixoxela ngendlela engakhula ngayo engiyithandayo. Mina ngikhule ngihlala nogogo umsebenzi wami bengelusa izinkomo ,izimvu nezimbuzi. Bengivuka ekuseni ngiyokha amanzi emthonjeni ,ngibuye ngiwabilise ngenzele ugogo itiye aphuze.  Ngemuva kwaloko ngithelele amanzi inkonyana ngigeze. Uma ngiqedile ukugqoka, ngithatha ithunga, intambo yokubopha imilenze yenkomo uma ngiyisenga noswazi lokushaya amankonyana. Uma ngiqeda ukusenga eyokugcina inkomo, ngiyazikrezisa ,phela ukukreza kukusengela ubisi emlonyeni bahlobo. Ugogo ubelusefa ubisi alwethe emaguleni ukwenza amasi. Ngemuva kwaloko ngikhaphela Izinkomo ukuthi ziyodla ngilungisele ukudla amasi ,amankonyana wona asala ngasekhaya.Uma ngiqeda ukudla, ngangifaka iuniform ngiya esikolweni. Isikhathi engikhule kuso besimnandi kakhulu,ngokuhlonipha.

Besihlonipha wonke umuntu omdala .Uma uthunywa ngumuntu omdala ube uya lapho ekuthuma khona ungafuni nkokhelo. Uma ningamantombazana, nime nabafana kwenzeke kuqhamuke umuntu omdala, besibaleka singafuni

nje nokuthi abonisise ukuthi singabobani. Esikolweni thina besishaywa  ngoswazi ayikho ingane yesikolo ebe ilwa nothisha. Bekukhona inhlonipho kumfundi nothisha. Uma siphumile isikolo,ngiya ngqo ekhaya.Lapho ke ngenza wonke umsebenzi wasendlini ukusiza ugogo. Ngiye emthonjeni ukuyokha amanzi ngiwabeke ekhishini. Ugogo yena uye apheke ukudla.Mina bengithanda ukudla amasi.

Ngemuva kwaloko ,ngiya emadlelweni ukuyoqoqa imfuyo yakithi. Laphaya emadlelweni sihlangana sibaningi, singamantombazana kanye nabafana. Besenza imidlalo esiyithathela ebhayibhelini, onjengowokuzalwa kweNKOSI UJESU KRESTU nowokubethelwa kwayo INKOSI UJESU KRESTU esiphambanweni. Ngamanye amalanga abafana bebesifundisa umdlalo wezinduku ukuthi ushaya kanjani na nokuthi uyivika kanjani na induku.

Bekuba mnandi ukudlala nabafana ngoba besihloniphana,bekungekho mfana orhwaphiliza intombazana engenasivumelwano nayo. Uma sibuyela emakhaya sihlanganisa imihlambi yonke siyiqhube kanye sonke. Uma sifika ngasemakhaya yilowo nalowo uthatha umhlambi wakubo ayovalela. Ngomgqibelo sivuka ekuseni singamantombazana siyotheza izinkuni. Umfana wakwamakhelwane ubengisiza ukukhipha nezakithi izinkomo intlazane. Uma ngibuya ekuthezeni ngiqhubeka nokwenza umsebenzi wasendlini umfana angisize ngokusenga. Besiphilisana kamnandi nabomakhelwane bethu nomphakathi nje wonke.